# Intokazi yasentabeni

Ixoxwa nguPhumlani Mavimbela
Imidwebo nguSimphiwe Mangole
Ihunyushwe nguMalungi Mbhele

Amabutho amathathu ahlangana enhlukanandlela okokuqala ngqa. Bonke babesendleleni eya entabeni. Babukana, oyedwa wabo wase eqala ukukhuluma. "NginguBuntu ovela esigodini esisempumalanga. Ngithunywe yinkosi yami ukuba ngiyofuna intokazi yasentabeni," kusho yena.

Ibutho lesibili lathi, "Ngithunywe yinkosi yami yasesigodini esisenyakatho ukuba ngiyofuna intokazi yasentabeni. Igama lami nguLwazi."

"Mina-ke nginguKhathaza odabuka esigodini esisentshonalanga," kusho ibutho lesithathu. "Nami ngithunywe into efanayo."


Amabutho anquma ukuhamba ndawonye njengoba phela ayelibangise endaweni efanayo. Ahambisana aze afika kwangqingetshe. Ngaphambi kwawo kunomhosha omkhulu.

"Kufanele sihambe sigweme umhosha," kusho uBuntu.

"Kodwa lokho kungathatha izinsuku. Kumele sicabange enye indlela," kwasho uLwazi.

"Ikhona indlela," kusho uKhathaza. "Abantu bangakithi bangabakhi abavelele futhi bangifundise okuningi ngokwakha. Ngosizo lwenu, ngingakwazi ukwakha ibhuloho."

Amabutho aqoqa izingongolo nemivini, ngokuhlanganyela akha ibhuloho eliqinile. Ase eliwela ibhuloho aqhubeka nohambo lwawo.



Bahamba isikhathi esithile baze babona intaba ibuqamama kakhulu nalapho babekhona.

Lapho besondela kuyo, uLwazi washesha phambi kwabanye. Akazange ayibone inyoka eyayisendleleni. Wayinyathela yona yamluma onyaweni. Lapho uBuntu noKhathaza begcina sebemficile, bamthola ekhala ebulawa yizinhlungu.



UBuntu wagijimela ehlathini wabuya nesitshalo ayesimbile. "Abantu bangakithi baphiwe ulwazi ngezitshalo," kusho yena. "Amaqabunga alesi sitshalo azonqanda ubuthi bungahambi bufinyelele ekujuleni kwenxeba lakho." Wahlikihla amaqabunga enxebeni likaLwazi.

Ngemva kwesikhashana, uLwazi wayeka ukububula. "Ngiyabonga," kusho yena, "ubuhlungu sebuphelile." ULwazi wayesaxhuga, kodwa wayesekwazi ukuhamba, ngakho-ke amabutho aqhubeka nohambo lwawo.

Bahamba cishe usuku lonke. Babeshiselwa, bekhathele futhi sebenxaniwe lapho befika echibini elalicwebile ezansi kwentaba. UKhathaza waba ngowokuqala ukugijimela kulo. Waguqa phansi ukuze aphuze. ULwazi wambamba emahlombe ukuze amnqande.

"Kukhona okushaya amanzi ngaleli chibi," kuxwayisa uLwazi.

Kodwa uKhathaza wayesenxanwe kakhulu kangangokuthi wagobela phambili ukuze aphuze amanzi. Ngokuphazima kweso, kwaphuma isandla emanzini, samdonsela phakathi. UBuntu noLwazi bazama ukumsindisa, kodwa abakwazanga. Kwabe sekuqhamuka intombi.

"Yintokazi yasentabeni," kuhlebeza uLwazi. "Kumele siguqe phansi ukuze siyikhombise inhlonipho, uma singenzi njalo nathi sizodonselwa echibini." La mabutho amabili aguqa phambi kwaleyo ntombi.

"Bahambi," yasho, "uma nifisa ukusindisa umngani wenu, kufanele nisombulule isiphicaphicwano."

"Kuzokwenzekani uma sehluleka?" kubuza uBuntu.

"Phela nani nizolandela umngani wenu," iphendula. "Senikulungele lokho?"

"Yebo, sikulungele," kuphendula uLwazi. UBuntu wayebulawa yitwetwe kungasakhulumeki nakukhulumeka. "Ungakhathazeki! Abantu bakithi banesiphiwo sokuba nolwazi," uLwazi ehlebela uBuntu.

"Ubusuku bami buyimini yenu kanti imini yami ingubusuku benu," kusho lo wesifazane. "Nginenyanga eyodwa ubudala, kodwa sengiphile iminyaka eyizigidi. Ngiyini?"



"Ngiyazi," kusho uLwazi. "Uma imini yakho ingubusuku bethu, lokho kusho ukuthi ubonakala ebusuku kuphela. Wena uyinyanga. Inyanga seyiphile isikhathi eside kakhulu."

Intokazi yanqekuzisa ikhanda uKhathaza wabe esephuma emanzini. Wayebonga kakhulu ngokuthi wayesindisiwe.



"Nifikile entabeni futhi naphothula ukuhlolwa kwenu. Manje ngizonika ngamunye wenu isifiso esisodwa," kusho le ntokazi.

UBuntu waba ngowokuqala ukwenza isifiso. "Njalo lapho kunesiphepho esinemvula amanzi amboza umhlaba. Ngifisa sengathi la mathantala amanzi anganqamuka."

Kwalandela uLwazi ngokukhuluma. "Isomiso esesabekayo sicekele phansi izitshalo zendawo yakithi. Isicelo sami ngesemvula."

UKhathaza waba ngowokugcina ukukhuluma. "Abantu bami abakwazi ukutshala izitshalo. Sidla inyama nje kuphela. Manje izingane zethu seziyagula. Isifiso sami ukuthi usinike amasimu agcwele izinhlobo ezahlukene zezithelo nemifino."


Intokazi yasentabeni yahlala edwaleni yacabanga ngezifiso zamabutho. "Ngiyadabuka ukuthi ngeke ngikwazi ukuninikeza izifiso zenu," kusho yona. "Kodwa nina ningafezelana zona."

"Kodwa kanjani? Thina asinawo umlingo," kusho uKhathaza.

"Aniwudingi umlingo," iphendula. "Khathaza, wena nabantu bangakini ningabakhi abaphambili. Uma ningakha umselekazi, ningadonsa amanzi angamathantala aphume emasimini abantu bakaBuntu. Lwazi, uma usiza uKhathaza, ungabhekisa lowo mselekazi ngasemasimini enu, ngakho-ke ngeke nisadinga ukulinda imvula. Niyothola amanzi avela emseleni. Buntu, wena nabantu bangakini ninesiphiwo solwazi lwezitshalo. Ningakwazi ukufundisa uKhathaza indlela yokutshala izithelo nemifino enhlobonhlobo." Intokazi yasentabeni yamamatheka. "Yileyo-ke indlela nonke eningafeza ngayo izifiso zenu."

Njengoba la mabutho amathathu ayemlalele ngokucophelela lo wesifazane, aqonda ukuthi kungani ayengawudingi umlingo. Afunda ukuthi ayedingana wona kuphela. Aqonda ukuthi konke ayekudinga ukuze athole ayekufuna, kwakuwukuthi asebenze ndawonye njengoba ayenzile endleleni eya entabeni.

Kwaba njalo-ke, abantu basezigodini ezintathu basizana base bonke bephumelela.



Qhubeka nokufunda! Uma uyithokozele le ndaba, ungakhohlwa ukuvakashela iwebhusayithi yethu (www.nalibali.org) wandise iqoqo lakho lezindaba zabantwana MAHHALA.

# Yenza indaba ihlabe umxhwele!


Nanka amanye amacebo ongawasebenzisa kule ndaba emakhasini loku-1 kuya kwelesi-3 nabantwana basekilasini lakho kanye/ noma ithimba lakho lokufunda. Khetha imibono ehambisana kahle neminyaka kanye nokuthandwa yizingane.

- Ngaphambi kokuba ufunde indaba, phumelani phandle nezingane bese nidlala umdlalo. Nidinga into elula ukuyiphonsa nokuyenqaka njengebhola noma isikhwama sikabhontshisi. Cela ivolontiya elizoba yingonyama efuna ukubamba izingane. Lapho umdlalo uqala, wonke umuntu ugijima agcwale indawo yonke ngenkathi nengonyama izama ukubamba omunye wabo. Baphephe kuphela uma bebambe ibhola noma isikhwama sikabhontshisi, ngakho-ke izingane kufanele ziphonselane khona lapho zibona ingonyama isukela enye yazo. Ngemva komdlalo, zichazele ukuthi uzozifundela indaba nokuthi kubaluleke kanjani ukusebenzisana, njengoba zenzile emdlalweni.
- Emva kokuba usufunde le ndaba, nindawonye xoxani ngemibuzo enjengale.
  - Yisiphi isifundo esafundwa ngamabutho?
  - Nicabanga ukuthi ingabe ibutho ngalinye lalizokwazi ukufinyelela entokazini yasentabeni lihamba lodwa? Kungani kunjalo/kungenjalo?
- Tshela izingane ukuthi ziqambe isihloko sale ndaba.
- Yibani nengxoxo ngokuthi izimpawu ezahlukene zingamelani. Isibonelo, ingabe izingane zicabanga ukuthi iqabunga eliluhlaza, ingonyama noma isikhova kungaba uphawu lwani? Zicabanga ukuthi imeleni imibala: onsomi, oluhlaza okotshani noluhlaza okwesibhakabhaka? Manje tshela izingane zakhe ifulegi lebutho ngalinye zisebenzisa imibala nezimpawu ezikhombisa lokho abantu abakwazi ukukwenza kahle.
- Phakamisa ukuthi izingane zicabange ngento ethile yemvelo yokwenza isiphicaphicwano. (Isibonelo: Ulahla ingaphandle bese upheka ingaphakathi. Bese udla ingaphandle ulahle ingaphakathi. Ngiyini? Impendulo: Ummbila.) Uma seziqedile, tshela izingane zabelane ngeziphicaphicwano bese zizama ukuqagela izimpendulo.

# Mayelana nephrojekthi ye-*Story Powered Schools*

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda.

I-*Story Powered Schools* yiphrojekthi esahlolwayo eletha umkhankaso kaNal'ibali wokufundela ukuzithokozisa eyicebo eliqinisekisiwe lokuthuthukisa ukufunda nokubhala ezikoleni ezisemakhaya ezifundazweni zaseMpumalanga Koloni naKwaZulu-Natali. Igunyazwe ngaboMnyango WezeMfundo, ifezekiswe ngabe-United States Agency for International Development (USAID).



Izikole eziyingxenye yephrojekthi ye-*Story Powered Schools* zizibophezele ekokheleni inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Zisebenzisa amandla ezindaba ukukhuthaza abafundi ukuba bafune ukufunda nokubhala.

basic education
Department: Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Read to Lead
A Reading Nation is a Leading Nation

USAID
EVELA KUBANTU BASEMELIKA

Nal'ibali
Kuqala ngendaba exoxwayo...